



Edition 47
IsiZulu, English

Book talk

Reading stories to children is a wonderful way to relax and spend time with them, but reading aloud also gives us opportunities to talk to our children about books.

In fact, talking to children about books is just as important as reading the words to them! Through discussing the pictures, characters and what is happening in a story, children learn about how books work and how to explore them. Rather than trying to “teach” your children, just let the conversation flow naturally as you enjoy a book together. Here are a few ideas for helping that conversation along. Select ones that fit best with the book you are reading. And remember that the idea is always to explore books together rather than to “test” your children’s understanding of what you have read.

- **Learning to predict.** Being able to guess what comes next as you read, is a skill that competent readers use all the time. As you read a story with your children, develop their prediction skills by asking, “What do you think will happen next?” at different points in the story.
- **Responding to questions.** Young children often ask, “Why?” You can either answer their questions by sharing your ideas (“I think it is because...”), or you can ask, “Why do you think...?”
- **Sharing opinions and ideas.** As you read together say what you think and ask your children what they think too. This helps them learn how to approach books.

- **Paying attention to detail.** Encourage children to look carefully and enjoy the illustrations in picture books. Draw their attention to different parts of the illustration on a page, comment on it yourself and ask them too. Ask younger children to find particular people or objects in the pictures. Draw their attention to the size of a large or small word on the page, or the interesting sound a word makes as you say it. With older children, talk about why the author might have chosen a particular word.
- **Connecting with stories.** Many stories focus on how characters deal with challenges that life sends their way. It is powerful for children to relate these things to their own lives. Encourage them to make strong connections by saying something like, “This story reminds me of how important it is to treat people well. What does it remind you of?”



Hope

For more ideas about how to talk to child about books, visit “Tips and Topics” on www.nalibali.org or www.nalibali.mobi.

We will be taking a break until the week of **14 October**. Join us then for more Nalibali reading magic!

Sizoke sithathe ikhefu kuze kube isonto lomhla ka-14 Okthoba. Sicela nihlanganyele nathi ngaleso sikhathi ukuze niithole eminye imilingo yokufunda yakwaNalibali!

Ukuxoxa ngezincwadi

Ukufundela izingane izindaba kuyindlela enhle yokuphumula nokuchitha isikhathi nazo, kodwa ukufunda kakhulu nakho kusinikeza ithuba lokuxoxa nezingane zethu ngezincwadi.

Empeleni, ukuxoxa nezingane ngezincwadi kubaluleke ngendlela efanayo nokuzifundela amagama! Ngokuxoxa ngezithombe, abalingiswa nangalokho okwenzeka endabeni, izingane zifunda ukuthi izincwadi zisebenza kanjani nokuthi zingajula kanjani nazo. Kunokuthi uzame “ukufundisa” izingane zakho, vumela ingxoxo ukuthi izihambele ngokwemvelo ngesikhathi niithokozela incwadi ndawonye. Nanka amacebo ambalwa okusiza ukuqhuba leyo ngxoxo. Khetha ahambisana kangcono nencwadi oyifundayo. Futhi, khumbula ukuthi injongo ihlale *iwukujula* nezincwadi nindawonye “kunokuhlola” ukuqonda kwezingane zakho lokho enikufundile.

- **Ukufunda ukuqagela okuzokwenzeka.** Ukwazi ukuqagela ukuthi kuzokwenzakalani ngesikhathi ufunda kuyikhono abafundi abakwazi ukufunda abalisebenzisa ngaso sonke isikhathi. Lapho ufundela izingane zakho indaba, thuthukisa amakhono azo okuqagela ukuthi kuzokwenzakalani ngokubuza ukuthi “Ngabe nicabanga ukuthi kuzokwenzakalani?” ezigabeni ezahlukeni zendaba.
- **Ukuphendula imibuzo.** Izingane ezincane zivamise ukubuza ukuthi, “Kungani?” Ungaphendula imibuzo yazo ngokwabelana nazo ngalokho okucabangayo (“Ngicabanga ukuthi yingoba...”), noma ungabuza ukuthi, “Kungani nicabanga ukuthi...?”
- **Ukwabelana ngemibono nemiqondo yenu.** Ngesikhathi

nifunda ndawonye yisho lokho okucabangayo bese ubuza izingane zakho ukuthi zona zicabangani. Lokhu kuzisiza ukuba zifunde ukuthi ubhekana kanjani nezincwadi.

- **Ukuqaphela yonke imininingwane.** Khuthaza izingane ukuthi zibheke ngokucophelela futhi zithokozele imidwebo esezincwadini ezinezithombe. Zikhombise izingxenye ezahlukeni zesithombe ekhasini, yisho okuthile ngazo wena uqobo bese uzicela ukuthi zenze njalo nazo. Cela izingane ezincane ukuthi zithole abantu abathile noma izinto ezithile ezithombeni. Zikhombise ubungako bamagama amakhulu namancane ekhasini, noma umsindo onokuphawulekayo owenziwa igama ngesikhathi ulisho. Lapho unezingane ezindadlana, xoxani ngokuthi kungani umbhali ekhethe igama elithile.
- **Ukuxhumana nezindaba.** Izindaba eziningi zigxile ekutheni abalingiswa abanengi babhekana kanjani nezinselele ezibhelela empilweni. Kubalulekile ukuthi izingane zixhumanise lokhu nezimpilo zazo. Zikhuthaze ukuthi zixhumane kakhulu nendaba ngokusho into efana nale: “Le ndaba ingikhumbuzo ukuthi kubaluleke kangakanani ukuphatha abantu kahle. Wena ikukhumbuzani?”

Ukuze uthole eminye imiqondo mayelana nokuthi ungakhuluma kanjani nezingane ngezincwadi, vakashela ku-“Tips and Topics” ku-www.nalibali.org noma ku-www.nalibali.mobi.



Neo

Inside this edition:

- A cut-out-and-keep book to celebrate International Day of Peace on 21 September (pages 3 to 6).
- A card for a grandparent to celebrate Older Persons’ Day on 1 October (page 7).


Ngaphakathi kwalolu shicilelo:

- Incwadi enizoyisika niyikhiphe bese niyigcina yokugubha Usuku Loxolo Lomhlaba ngomhla zingama-21 Septhemba (ikhasi lesi-3 ukuya kwelesi-6).
- Ikhadi lokugubha Usuku Lwabantu Abadala mhla lu-1 ku-Okthoba (ikhasi lesi-7).



Drive your imagination

Read to me. Explore a story.
Ngifundele. Asijule nendaba.





Drive your imagination

Story stars The Reading Gogos of Daveyton

The Reading Gogos are a group of volunteers who visit four schools in Daveyton to read to the children. We asked Kathy Cromer-Wilson, who helps to run the programme, about the Reading Gogos.

How did the Reading Gogos start?

The Ekufundzeni Trust launched a mobile library in 1992. One day, one of the library's volunteers started reading to a Grade 1 class at Daveyton Intermediate School. She was a hit and now there are 48 Reading Gogos – although not all of them are elderly grannies!

What do the gogos do?

At first, the gogos just read to the children. Now, the sessions also include singing, dancing, playing games, and doing arts and crafts.

Why have they decided to become Reading Gogos?

The main reason is because they want to improve the lives of children and increase their opportunities as adults. Some are responding to Nelson Mandela's suggestion that we give back to our communities.

What difference has the programme made?

We have seen how reading to children breaks down barriers. The feedback from the schools has also been remarkable. They say that the number of children absent on the days the gogos visit, has come right down because the children love the story sessions! Some parents want to move their children into these schools so that they can be part of the programme.

What are your plans for the future?

Our main aim is to get more Reading Gogos so that we can go to all the schools that beg to become part of the programme.

What would you say to someone wanting to start a reading club or programme?

Do not be afraid to make a start. All you need is the passion to pass on your knowledge to children, and the children will reward you with their love, hugs and lots of laughter!



A Daveyton reading group

Abavelele ezindabeni I-Reading Gogos yaseDaveyton

I-Reading Gogos iyithimba lamavolontiya avakashela izikole zaseDaveyton ezine ukuze afundele izingane. Sibuze uKathy Cromer-Wilson, osiza ukuqhuba lolu hlelo, nge-Reading Gogos.

Yaqala kanjani i-Reading Gogos?

I-Ekufundzeni Trust yethula umtapo wezincwadi ohambayo ngo-1992. Ngelinye ilanga, omunye wamavolontiya asemtatsheni wezincwadi waqala ukufundela iklasi leBanga loku-1 eDaveyton Intermediate School. Kwathandwa kakhulu lokhu ayekwenza kanti kumanje nje sekunoGogo Abafundayo abangama-48 – noma bengebona bonke ogogo asebekhule kakhulu!

Benzani ogogo?

Ekuqaleni, ogogo babefundela izingane nje. Manje, imihlangano seyihlanganisa ukucula, ukudansa, ukudlala imidlalo, nokwenza ubuciko bezandla.

Kungani bekhethe ukuba oGogo Abafundayo (i-Reading Gogos)?

Isizathu esisemqoka ingoba bafuna ukwenza ngcono izimpilo zezingane nokwandisa amathuba abo njengabantu abadala. Abanye lokhu bakususela esiphakamisweni sikaNelson Mandela sokuthi sabelane nemiphakathi yethu ngalokho esikuzuzile.

Selwenze muphi umehluko lolu hlelo?

Sibonile ukuthi ukufundela izingane kuziwisa kanjani izinto ezivimbayo. Bathola ukunconywa kakhulu nasezikoleni. Kuthiwa inani lezingane eziphutha esikoleni ngezinsuku okuvakasha ngazo ogogo, lehle kakhulu ngenxa yokuthi izingane ziyazithanda izikhathi zezindaba! Abanye abazali bafuna ukuletha izingane zabo kulezi zikole ukuze zibe yingxenye yohlelo.

Yini eniyihlelele ikusasa?

Inhloso yethu enkulu ukuthola abanye oGogo Abafundayo ukuze sikwazi ukuya kuzo zonke izikole ezifuna ukuba yingxenye yohlelo.

Ningathini kumuntu ofuna ukuqala ithimba noma uhlelo lokufunda?

Ungesabi ukuqala. Ukuphela kwento oyidingayo uthando lokudlulisela ulwazi lwakho ezinganeni, izingane zona zizokuklomelela ngothando lwazo, ukukuwola nokuhleka kakhulu!

Across the country, individuals and organisations are finding ways to make reading and writing part of children's daily lives. To say thank you, our featured **Story Stars** will receive meal vouchers* courtesy of **Wimpy** to enjoy with the children in whose lives they are making a difference.

* For terms and conditions that apply, go to www.nalibali.org/story-stars.



Ezweni lonke, umuntu ngamunye kanye nabezinhlangotho bathola izindlela zokwenza ukufunda nokubhala kube yingxenye yempilo yezingane yansuku zonke. Ukuze sibabonge, **Abavelele Ezindabeni** okubhalwe ngabo bazothola amavawusha okudla* ngezilokotho ezinhle zakwa**Wimpy** ukuze bawathokozele nezingane abenza umehluko ezimpilweni zazo.

* Ukuze uthole imigomo nemibandela esebenzayo, iya ku-www.nalibali.org/story-stars.

Nal'ibali on radio!

Enjoy listening to stories in isiZulu and in English on Nal'ibali's radio show:

Ukhozi FM on Monday to Wednesday from 9.20 a.m. to 9.30 a.m.

SAfm on Monday, Wednesday and Friday from 1.50 p.m. to 2.00 p.m.



UNal'ibali usemsakazweni!

Thokozelani ukulalela izindaba ngesiZulu nesiNgisi kuhlelo lomsakazo lukaNal'ibali:

Ku-Ukhozi FM ngoMsombuluko ukuya koLwesithathu kusukela ngo-9.20 ekuseni ukuya ku-9.30 ekuseni.


Ku-SAfm ngoMsombuluko, ngoLwesithathu nangoLwesihlanu kusukela ngo-1.50 emini ukuya ku-2.00 emini.

Create your own cut-out-and-keep book

1. Take out pages 3 to 6 of this supplement.
2. Fold it in half along the black dotted line.
3. Fold it in half again.
4. Cut along the red dotted lines.

Zakheleni eyenu incwadi enizoyisika niyikhiphe bese niyigcina

1. Khipha amakhasi 3 ukuya ku-6 kulesi sithasiselo.
2. Lisonge libe nguhhafu lapho kunomugqa (ulayini) wamachashaza amnyama khona.
3. Lisonge libe nguhhafu futhi.
4. Sika lapho kunomugqa wamachashaza abomvu khona.




Lo mkhuleko watholakala eduze kwesidumbu sengane yomjuda enkambini okwakubulawa kuyo amaJuda eJalimani, ngo-1945.

Futhi uma sebezokwehlulela ngamacala abo vumela ukuthi izithelo esizithelile zibe ukuthethelelelwa kwabo. Amen. Amen. Amen.

Kodwa ungabukhumbuli ubuhlungu abasizwise bona, khumbula izithelo esizithelile ngenxa yalokhu kuhlushwa: ukuba ngabangani kwethu, ukuthembeka kwabanye, ukuthobeka kwethu, isibindi, nokuphana, ukuba nezinhliziyozinhlalele okukhule kukho konke lokhu.

ONkosi, ungakhumbuli kuphela abesilisa nabesifazane abenza okuhle, kodwa nalabo abangenzi kahle.

Isinyathelo esibalulekile sokuya oxolweni ukuthethelela. Uma sesithethelelene, asisenaso isizathu sokulwa. Lo mkhuleko ubala izizathu zokuthethelela, noma ngabe abantu sebesilimaze kanjani.



Found next to the body of a Jewish child in a German concentration camp, 1945.

And when they come to judgement let all the fruits which we have borne be their forgiveness. Amen. Amen. Amen.

But do not remember the suffering they have inflicted on us, remember the fruits we bore thanks to this suffering: our comradeship, our loyalty, our humility, the courage, the generosity, the greatness of heart which has grown out of all of this.

O Lord, remember not only the men and women of goodwill, but also those of ill will.

An important step to peace is forgiveness. Once we have forgiven each other, we no longer have a reason to fight. This prayer finds reasons to forgive, even when people have done terrible things to us.

Let there be peace Makube nokuthula

Let there be peace is from the SONGOLOLO list – a range of books celebrating both the common and diverse interests and experiences in childhood, featuring stories from Africa and beyond.

Shuter & Shooter Publishers acquired the award-winning children's picture book imprint, SONGOLOLO in 2008. SONGOLOLO is a quality list, featuring books by some of South Africa's foremost authors and illustrators, including Niki Daly, Gcina Mhlophe, Joan Rankin and Jude Daly. The list features several bestsellers, including Niki Daly's *Mama, Papa and Baby Joe*, and Joan Rankin's *Wow! It's Great Being a Duck* and other numerous award-winning titles. For further information, visit www.shuters.com




SONGOLOLO



Jeremy Brooks
Jude Daly

Nal'ibali is a national reading-for-enjoyment campaign to spark children's potential through storytelling and reading. For more information, visit www.nalibali.org or www.nalibali.mobi



UNal'ibali umkhankaso wokufundela ukuzithokozisa kazwelonke wokokhela lokho okungenziwa yizingane ngokuxoxa nangokufunda izindaba. Ukuze uthole eminye imininingwane, vakashela ku-www.nalibali.org noma ku-www.nalibali.mobi





If there is to be peace in the world,
There must be peace in the nations.

If there is to be peace in the nations,
There must be peace in the cities.

If there is to be peace in the cities,
There must be peace between neighbours.

If there is to be peace between neighbours,
There must be peace in the home.

If there is to be peace in the home,
There must be peace in the heart.

Written over 2 500 years ago by Lao-Tzu,
founder of Taoism, China.

Uma kuzoba khona ukuthula emhlabeni,
Kumele kube khona ukuthula ezizweni.

Uma kuzoba khona ukuthula ezizweni,
Kumele kube khona ukuthula emadolobheni.

Uma kuzoba khona ukuthula emadolobheni,
Kumele kube khona ukuthula komakhelwane.

Uma kuzoba khona ukuthula komakhelwane,
Kumele kube khona ukuthula ekhaya.

Uma kuzoba khona ukuthula ekhaya,
Kumele kube khona ukuthula enhliziyweni.

Yabhalwa eminyakeni eyevile kweyizi-2 500 edlule nguLao-Tzu,
umsunguli we-Taoism, eChina.


Okuhle kunamandla kunokubi,
uthando lunamandla kunezondo,
ukukhanya kunamandla kunobumnyama;
ukunqoba kungokwethu ngalowo osithandayo.

Written by Archbishop Desmond Tutu, who helped to
bring peace to South Africa.

Goodness is stronger than evil,
Love is stronger than hate,
Light is stronger than darkness;
Victory is ours through Him who loves us.

When we hear the news,
the world seem stronger than
the good. This prayer reminds
us that good can still triumph
over bad.

Uma sizwa izindaba, ngesinye
isikhathi izinto ezimbi ezweni
yizona ezibukeka zinamandla
kunalezo ezinhle. Lo mkhuleko
usikhumbuza ukuthi okuhle
kusengakunqoba okubi.



Makube nokuthula eMhlabeni futhi makuqale ngami.
Makube nokuthula eMhlabeni, ukuthula okwakumele kube khona!
NgoNkulunkulu owasidalayo, sonke singumndeni;
Masihambisane ngokuzwana okuphelele.

Ukuthula makuqale ngami. Lokhu akwenzeke khona manje.
Ngesinyathelo ngasinye engisithathayo, lesi makube isifungo sokugomela;
Ukuthatha isikhathi ngasinye, ngiphile isikhathi ngasinye ngokuthula kuze
kubephakade!

Makube nokuthula eMhlabeni futhi makuqale ngami!

Ubhalwe nguSy Miller noJill Jackson, eMelika Esenyakatho.



Fold

ingxeny yomkhuleko kaSanti uFrances wase-Assisi, owayezama ukuphila ngokuthula nako konke okudalwe, okuhlanganisa izinyoni nezilwane.

Lapho kukhona ukudumala, injabulo.
 Lapho kukhona ubumnyama, ukukhanya.
 Lapho kukhona ukuphelelwa ithemba, ithemba.
 Lapho kukhona ukungabaza, ukhoho.
 Lapho kukhona ukungaboni ngasolinye, umbono.
 Lapho kukhona ukulimala, uxolo.
NLapho kukhona inzondo, ngenze ngitshale uthando.
 Nkosi, ngenze ngibe isithunywa soxolo lwakho.

Part of a prayer written by Saint Frances of Assisi, who tried to live at peace with the whole of creation, including birds and animals.

Where there is sadness, joy.
 Where there is darkness, light.
 Where there is despair, hope.
 Where there is doubt, faith.
 Where there is discord, vision.
 Where there is injury, pardon.
Lord, make me an instrument of your peace.
 Where there is hatred, let me sow love.



Let there be peace on Earth and let it begin with me.
 Let there be peace on Earth, the peace that was meant to be!
 With God our creator, family all are we;
 Let us walk with each other in perfect harmony.

Let peace begin with me. Let this be the moment now.
 With every step I take, let this be my solemn vow;
 To take each moment and live each moment in peace eternally!
 Let there be peace on Earth and let it begin with me!

Written by Sy Miller and Jill Jackson, North America.

Fold

Mdali, vulela izinhliziyozethu othandweni nasekwelaphakeni phakathi kwabo bonke.

Creator, open our hearts to peace and healing between all people.

Creator, open our hearts to provide and protect for all children of the earth.

Creator, open our hearts to respect for the earth, and all the gifts of the earth.

Creator, open our hearts to end division, violence, and fear among all.

Thank you for the gifts of this day and every day.

Native American prayer by Alycia Longriver.

Mdali, vulela izinhliziyozethu izingane zomhlaba.

Creator, open our hearts to provide and protect for all children of the earth.

Creator, open our hearts to respect for the earth, and all the gifts of the earth.

Creator, open our hearts to end division, violence, and fear among all.

Thank you for the gifts of this day and every day.

Native American prayer by Alycia Longriver.

Umkhuleko Wabomdabu baseMelika obhalwe ngu-Alycia Longriver.



Living in peace does not just mean that we do not fight against other people. We also need to live in peace with our world and look after it properly. The following prayers remind us to do this.

Ukuhlala ngokuthula akuchazi nje kuphela ukuthi asilwi nabanye abantu. Kumele siphile ngokuthula nomhlaba wethu futhi siwunakekele ngendlela efanele. Le mithandazo elandelayo iyasikhumbuza ukuthi senze lokhu.



The world was not left to us by our parents. It was lent to us by our children.
Traditional prayer, Africa.

Umhlaba asiwushiyelwanga abazali bethu. Siwubolekwe izingane zethu.
Umkhuleko womdabu wase-Afrika.

O God! Raise aloft the banner of the oneness of mankind.
Baha'i prayer, Iran.

Recognise all people as one.

Written by Gobind Singh, Tenth Guru of Sikhism, India.

All religions have differences, but there are also things they have in common. The following prayers emphasise the things we share, rather than the ways we differ.



Zonke izinkolo zinalapho zihluka khona, kodwa zikhona futhi izinto ezifanayo kuzo. Le mikhuleko elandelayo igcizelela izinto esinazo sonke, kunalezo esehluka kuzo.

ONkulunkulu! Phakamisa ibhena yobunye esintwini.
Umkhuleko wama-Baha'i, ase-Iran.

Bona bonke abantu bemunye.
Ubhalwe uGobind Singh, i-Guru Yeshumi yeSikhism, yaseNdiya.

Get story active!

Some of the words in this week's cut-out-and-keep book, *Let there be peace*, may be difficult for younger children to understand. As you read the book together, explain the meaning of the words they don't understand. Use the pictures to help you.



After you and your children have read *Let there be peace*, try out some of these ideas.

- Draw your children's attention to the details in the illustrations. Let them talk about what they notice. Encourage them to link what's in the pictures to the meaning of the prayers.
- Let your children write their own peace poems or prayers and then illustrate them. If they write poems, they may wish to use the letters of the word, "peace" as the first letter of each line of their poem. Here is an example:

Put love for others first
Even if you are cross with them
Always be kind and
Care about others because we are all
Equal.

Alyssa Martin, 9 years old

Yenza indaba ihlabe umxhwele!

Kungenzeka amanye amagama encwadi yethu yakuleli sonto enizoyisika niyikhiphe bese niyigcina ethi, *Makube nokuthula*, abe nzima ukuthi izingane ezincane zingawaqonda. Ngesikhathi nifunda incwadi ndawonye, chaza amagama ezingawaqondi. Sebenzisa izithombe ukuze zikusize.

Ngemuva kokuba wena kanye nezingane zakho senifunde u*Makube nokuthula*, zamani eminye yale miqondo.

- Khombisa izingane zakho yonke iminingwane esemidwebeni. Zivumele ukuthi zikhulume ngalokho ezikuqaphelayo. Zikhuthaze ukuthi zixhumanise lokho okusezithombeni nalokho okuchazwa imikhuleko.
- Zivumele izingane ukuthi zibhale ezazo izinkondlo noma imithandazo yokuthula bese ziyidwebela imidwebo. Uma zibhala izinkondlo zingabhala izinhlamvu zegama elithi, "ukuthula", uhlamvu ngalunye lube uhlamvu lokuqala lomugqa wenkondlo ngamunye. Nasi isibonelo:

Ukuthula kuyinto enhle
Kukhombisa ubunye
Ukuzwana nezinhliziyi ezigcwele uthando
Thandanani zizwe zonke
Hubani ingoma yokuthula
Ukuze sibone izithelo zokuthula
Lungani ukuze nifane namaqhawe
Aqheliswe imiqhele.

ngu-Iviwe Pakade oneminyaka eyi-9

Celebrating our grandparents!

Each year on 1 October, we celebrate Older Persons' Day. You can recognise the important role that older people play in your life by following the instructions below to make a card for your grandparents.

Make a card

1. Cut out the card by cutting along the red line.
2. Fold the card along the dotted black line.
3. Glue the two parts together.
4. On the side with the picture, write a message to the grandparent/s you will give the card to. Colour in the picture.
5. On the other side, draw a picture of you and this person together, or write a poem or longer message.

Ukubungaza ogogo nomkhulu bethu!

Minyaka yonke ngomhla ka-1 Okthoba, sigubha Usuku Lwabantu Abadala. Ungalazisa iqhaza elibalulekile elibanjwe ngabantu abadala empilweni yakho ngokulandela imiyalelo engezansi ukuze wenze ikhadi likagogo noma likamkhulu wakho.

Yenza ikhadi

1. Sika ikhadi ulandele umugqa obomvu.
2. Goqa ikhadi ulandele umugqa wamachashazi amnyama.
3. Hlanganisa lezi zingxenye ezimbili ngegulu.
4. Ohlangothini olunesithombe, bhala umyalezo oya kugogo noma umkhulu wakho ozomnikeza ikhadi. Hlobisa isithombe ngombala.
5. Ngakolunye uhlangothi dweba isithombe sakho nalo muntu nindawonye, noma ubhale inkondlo noma umlayezo omude.



Story corner

Here is the final part of the story about a young girl who loved the wind. Enjoy reading it aloud or telling it!

Thembela in the wind (Part 2)

by Leo Daly

But Thembela doesn't listen because she's having too much fun. She laughs as the wind blows through her raincoat and fills up her hood like a big balloon. "If I lift my arms," she giggles, "I could fly!"

Then Aunt Ida runs out in her pink dressing gown and carries Thembela back inside. "No one likes the wind," says Aunt Ida. "It's loud and it's cold and it's just not nice."

When Aunt Ida comes to tuck her in, Thembela asks for the curtains to be opened so that she can watch the trees sway and the clouds sail by. But Aunt Ida says, "No! Definitely no, and no again!" She closes the curtains. "Now let's just hope the house doesn't float away with all this rain," says Aunt Ida with a shiver.

Thembela hears the boom of thunder and the drumming of rain on the roof. Now the wind blows on the walls. It knocks on the door and rattles the windows. It howls down the chimney and gives Aunt Ida such a fright that she hides behind the couch. The roof creaks and the floorboards squeak and the trees whistle loudly.

Aunt Ida cries out, "Oh dear, we're all going to blow away!" But Thembela is not afraid. She jumps out of bed and runs downstairs. Quickly she pulls on her gumboots and grabs her umbrella, and then bravely she marches outside. The wind is howling and rolling and the rain is falling and thunder claps in the sky.

"It's me, Wind," says Thembela. "Why are you so angry? Do you really think that no one likes you? Now don't be silly. You're loud and you're cold, but you're so much fun – and I like you. I LIKE YOU WIND!"

Suddenly, the thunder stops and all the dark clouds are chased away. And in no time the rain has disappeared. When Thembela looks up, she sees that the sky is clear. The moon is full and all the stars are shining. Now the wind blows gently all around her, lifting up her umbrella and softly kissing her cheeks.

"Thank you, Wind," says Thembela. "Thank you for chasing the rain away."

Then Thembela turns around and walks back inside. She helps Aunt Ida up from behind the couch and makes her a warm cup of tea.

"Oh my," says Aunt Ida, "I don't like the wind at all." But Thembela just smiles.

Tell us if you liked the story, *Thembela in the wind* – SMS "Bookmark" with your name and your comments to 32545. R1,00 per SMS.



Illustration by Magriet Brink
Umdwebo wenziwe uMagriet Brink

Ikhona lezindaba

Nansi ingxenywe yokucina yendaba emayelana nentombaziyana ethanda ukudlala emoyeni. Thokozela ukuyifunda noma ukuyixoxa kakhulu!

UThembela udlala emoyeni

(Ingxenywe yesi-2) Ibhale nguLeo Daly

Kodwa uThembela akeza nakuzwa ngoba kumnandi phandle. Uyahleka lapho umoya ufutha ijazi lakhe lemvula nesigqoko salo sibukeke sengathi ibhelunde elikhulu. "Uma ngingaphakamisa izingalo zami," esho ehleka, "ngingakwazi ukundiza!"

U-Anti Ida ugijima ngegawuni yakhe ephinki aqakule uThembela abuye naye endlini. "Akekho umuntu othanda umoya," kusho u-Anti Ida. "Unomsindo, uyabanda futhi ayikho nje into emnandi kuwo."

Ngesikhathi u-Anti Ida ezomembathisa embhedeni, uThembela ucela ukuthi ikhethini luhlale livuliwe ukuze akwazi ukubona izihlahla zinyakaza, namafu edlula. Kodwa u-Anti Ida uthi, "Cha! Ngeke bo, ngiyaphinda ngithi cha!" Uvala amakhethini. "Manje ake sethembe nje ukuthi indlu ayizumuka kule mvula engaka," kusho u-Anti Ida eqhuqha.

UThembela uzwa ukuduma kwezulu nokushaya kwamathonsi emvula phezu kwendlu. Manje umoya ushaya ezindongeni. Ungqongqoza emnyango udlikizise namafasitela. Uhhewula wehle ngoshemula wethuse u-Anti Ida aze ayocasha ngemuva kukasofa. Kutsegeza uphahla, namapulangwe aphansi akhale nezihlahla zishaye ikhwela kakhulu.

U-Anti Ida uyamemeza, "O nkosi yami, sonke sizophephuka!" Kodwa uThembela akasabi lutho. Ugxuma aphume embhedeni agijime ehlele esitezi esingezanzi. Ushesha afake amabhuzu akhe athathe isambulela sakhe, aphumele phandle ngokuzethemba. Umoya uyahhewula, uza uphenduphenda, nemvula nayo ayiyekile ukuna, nezulu liduma liqhume laphaya phezulu.

"Yimina, Moya," kusho uThembela. "Kungani uthukuthele kangaka? Ngabe ucabanga ukuthi ngempela

akekho umuntu okuthandayo? Akunjalalo. Unomsindo futhi uyabanda, kodwa uyathokozisa – futhi ngiyakuthanda. NGIYAKUTHANDA MOYA!"

Ngokushesha, kwanqamuka ukuduma, wonke amafu amnyama ahamba. Emva kwesikhashana nje yase inyamalele nemvula. Uthe uma ebheka phezulu uThembela, wabona ukuthi izulu selicwebile. Kunenyanga egcwele, nezinkanyezi zithi benye benye. Manje umoya omzungezile usuphephetha kancane, uphakamise isambulela sakhe bese umqabula izihlahla kancane.

"Ngiyabonga, Moya," kusho uThembela. "Ngiyabonga ngokuxosha imvula."

UThembela wabe esephenduka ebuyela endlini. Usesiza ukusukumisa u-Anti Ida ngemva kukasofa amenzele inkomishi yetiye eshisayo.

"O nkosi yami," kusho u-Anti Ida, "angiwuthandi nhlobo umoya." Kodwa uThembela uvele amamatheke nje.

Sitshela ukuthi ngabe uyithandile indaba ethi, *UThembela udlala emoyeni* – thumela nge-SMS u-"Bookmark" negama lakho nalokho ofisa ukukusho ku-32545. I-SMS ibiza u-R1,00.

In your next *Nal'ibali* supplement:

- The importance of sharing books with children
- Story Stars: Sparking an interest in reading in the Eastern Cape
- A cut-out-and-keep book, *How zebras got their stripes*
- The first part of the story, *Vusi and Sinazo*

We will be taking a break until the week of 14 October. Can't wait until then for more reading and story tips, stories and inspirational ideas? Visit www.nalibali.org or www.nalibali.mobi.



Find us on Facebook:
www.facebook.com/nalibaliSA
Sithole ku-Facebook:
www.facebook.com/nalibaliSA

Esithasiselweni sakho esilandelayo sakwa *Nal'ibali*:

- Ukubaluleka kokwabelana nezingane ngezincwadi
- Abavelele Ezindabeni: Ukokhela inhansi yokufunda eMpumalanga Kapa
- Incwadi enizoyisika niyikhiphe bese niyigcina, *Ayithola kanjani amadube imithende yawo*
- Ingxenywe yokuqala yendaba ethi, *UVusi noSinazo*

Sizoke sithathe ikhefu kuze kube isonto lomhla ka-14 Okthoba. Ngabe awukwazi ukulinda kuze kube yileso sikhathi ukuze ufunde nokunye kanye namathiphu endaba, izindaba kanye nemiqondo evusa usinga? Vakashela u-www.nalibali.org noma u-www.nalibali.mobi.

